Izinyoni ezimbili zihlezi emthini, enye nguFani enye nguSiba.





“Ngilambile, Fani,” kukhononda uSiba eshaya amaphiko akhe amancane.

UFani wayesazibhekele ilanga ebelibukeka liqhakaza ngokukhanya.

USiba wavula amaphiko akhe wandiza ngoba wayelambile, eshiya umfowabo uFani, owayekade ejabulele ilanga.





Ngemuva kwesikhathi, uFani waqaphela ukuthi uSiba akekho eceleni kwakhe.

Wakhumbula ukuthi isikhathi sokudla, futhi uSiba akazange ake afune ukudla eyedwa ngaphambilini.

Ngamaphiko akhe amakhulu, wandiza wayomcinga.





Wabona ezinye izinyoni zithola ukudla esigodini.

“Aniyibonanga inyoni encane ebizwa ngoSiba?”

*“Tshwi tshwi…”*

Izinyoni ezinye azimbonanga uSiba.

Ngamaphiko akhe amakhulu, wandiza wayofuna uSiba.

Wabona amadada eduze nesiziba, wabuza.

“Aniyibonanga inyoni encane ebizwa ngoSiba?”

*“Kwa kwa…”*

Amadada akazange ambone uSiba.





UFani ukhathazekile kakhulu, ubona imisundu buqamama. Wasondela. Waba nethemba ngoba wayazi ukuthi uSiba uthanda imisundu.

Njengoba ecabanga, nangu uSiba edla imisundu.

UFani wamamatheka ngaphakathi uma ebona uSiba. Wabona ukuthi akaseyona inyoni encane kepha useyinyoni ekhulile. Angazimela.





USiba wamamatheka uma ebona uFani.

Bobabili badla imisundu baze basutha, bacula.

Babe sebendizela phezulu, uSiba ephambili.

Laselishonile ngenkathi bebuyela endaweni yabo abayithandayo. USiba watshela uFani ngezigigaba zakhe. Babejabulile.

